# *UNkulunkulu UnguMhumushi waKhe Yena*

Baba wethu waseZulwini, iZwi elivela kuWe liyosho okukhulu kunakho konke umuntu noma ngasiphi isikhathi angakwenza noma akusho, ngoba abantu balinde ukubona Wena. Futhi sibonga Wena ngenxa yokuthi kukhona labo abalangazelele, babheke ukuba kwenzeke okuthize. Futhi nxa abantu bomele okuthize, utwa lubizana noTwa, kufanele kubekhona uTwa oluphendulayo kulolobizo. Futhi yingakho silapha kulobubusuku, ngoba bekusezinhliziyweni zalababefundisi, nabantu, ukusibizela ndawonye ukucela kuWe umusa nezibusiso, sikholwa ukuthi Uzophulukisa abagulayo futhi usindise abalahlekileyo, futhi uzolibonakalisa iZwi laKho.

2 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzosipha lokhu njengoba siKulinda ngokuzithoba, ubusuku ngobusuku. Sengathi kungabakhona okunje u—ukuthululwa kukaMoya oNgcwele, futhi sengathi bonke abantu bangaphuphutheka kunoma yikuphi okunye okubazungezile ngaphandle kukaNkulunkulu. Sengathi kungabakhona ukukhala okukhulu kanje okuphumela phakathi kwabantu, bomele uNkulunkulu, kuze kufike imvuselelo ezweni lonke lapha futhi onke amabandla achichime agcwale abantu, izoni zimkhalele kakhulu uNkulunkulu ukuba abe nomusa, no—noMoya oNgcwele uphulukisa abantu, wenza izinyonga ukuba zihambe, futhi uvusa abafileyo, futhi upha lezizinto okwethenjiswe eZwini laKho.

3 Woza, Nkosi uJesu, futhi ugcwalise isethembiso saKho. Woza kithi kulobubusuku. Sikholwa ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade, ukuthi izethembiso zaKho zingeke zehluleke. Kokubili amazulu nomhlaba kohluleka kodwa iZwi laKho lingeke lehluleke. Sengathi ukuqonda kwethu kungavuleka. Sengathi uMoya oNgcwele ungafika futhi ubeke umhlabathi ongahlwanyelwe. Sengathi ukuqonda kwethu kungavuleka kuMoya namandla kaNkulunkulu kulobubusuku, ukuze Abonakalise amaZwi aKhe athenjisiweyo ngathi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

4 Manje, kulobubusuku, nina eniqaphele itekisi, asiphenye eBhayibhelini eNcwadini kaPetru II, futhi siqale ngevesi 15, nje ngendlela yokukhuluma ngomBhalo imizuzwana embalwa.

> *Kepha ngizakukhuthalela ukuba ngezikhathi zonke emva kokumuka kwami nisale nizikhumbule lezizinto.*

*Ngokuba sasingalandeli* amacebo, *izinganekwane zobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi*. . .*uJesu Kristu, kodwa sasingababonayo amandla obukhosi bakhe.*

5 Ngiyakuthanda lokho, "ababonayo." Hhayi inganekwane ethize. Singufakazi walokho esikhuluma ngakho.

*Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo*, futhi *kwafika kuye izwi elinje livela enkazimulweni yobukhosi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, engithokozile ngayo.*

*Lelozwi salizwa thina livela ezulwini, sikanye naye entabeni engcwele.*

*Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu; eningenza kahle ukuliqaphela, kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama, kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu:*

*Nazi lokhu kuqala, ukuthi kasikho isiprofetho sombhalo esingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe.*

*Ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu: kepha* umuntu *abangcwele beholwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.*

6 Sengathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Manje, ngizothatha lokhu kube yindaba ethi: *UNkulunkulu UnguMhumushi waKhe Yena.*

7 Siphila osukwini lokudideka. Siphila osukwini lapho khona owesilisa nabesifazane kunzima ukuthi bazokwenzenjani. Yonke into, ku—kubonakala kusesiyaluyalwini. Yonke into, kubonakala sengathi kukhona izindlela eziningi kakhulu ezehlukene ezingabhekwa. Lowo nguSathane, ukwenza lokho.

8 Manje, uNkulunkulu angeke ehlulele abantu ngokulunga, ngokulungileyo, ngaphandle uma kubakhona umgomo Azobehlulela ngawo. Futhi iBhayibheli lithi Uyohlulela wonke umuntu ngoJesu Kristu, noJesu Kristu uyiZwi. KuJohane oNgc., isahluko 1, Kwathi:

*Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.*

*ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu,*. . .

9 Manje, konke esiyikho namhlanje kungukuvezwa obala kwezingxenye zaKhe. KuNkulunkulu. . .Kuqala Wayengesuye ngisho uNkulunkulu, uNkulunkulu, sasingaMbiza nje ngokuthi "oNgoPhakade." Wayengesuye uNkulunkulu, ngoba igama (igama lesiNgisi) *Nkulunkulu* lichaza "into ekhonzwayo" futhi kwakungekho lutho olungaMkhonza. Ngakho WayeNgoPhakade, u—uMthombo wabo bonke ubuhlakani. Futhi kuloMthombo wabo bonke ubuhlakani kwakungekho

ngisho isithako esincinci, okuncinyane kakhulu, noma lutho, kungekho-kukhanya, inkanyezi, inyanga, lutho olunye. UNkulunkulu, esimazi njengoNkulunkulu, uMoya omkhulu owawuyiPhakade (ongazange uqale, ungazange uphele), Wayekhona. Futhi kuYe kwakuyizingxenye: kwakuyizingxenye zokuba nguNkulunkulu, bese kuba yizingxenye zaKhe zokuba nguBaba, izingxenye zokuba yiNdodana, izingxenye zokuba nguMsindisi, izingxenye zokuba nguMphulukisi. Zonke lezizingxenye zazikuYe. Futhi manje U. . .Lezizinto esisombululiwe kusukela lapho nje ziyizingxenye zaKhe zibonakaliswa.

10 Ngiqonde ukuthi, *izingxenye* kwaku "yimicabango" yaKhe. Futhi i—i*zwi* li "ngumcabango ozwakalisiweyo." Manje-ke lokho kwakusekucabangeni kwaKhe. Futhi ngenkathi Ethi, "Makube-khona," futhi kwaba-khona. "Makube-khona," futhi kwaba-khona.

11 Futhi manje, khumbulani, nina maKristu naniyimicabango yaKhe izwe lingakabikho. Futhi ningukubonakaliswa kokucabanga kwaKhe. Lingakabikho ngisho izwe, nanikuKristu, (ameni) kuNkulunkulu ekuqaleni. Lokho kwenza nina, ngaleyonkathi, niyabo, izikhonzi zaKhe. Futhi yonke into nguNkulunkulu, qobo lwaKhe, ezenza Yena abe ngothintekayo ukuze Aphatheke, abonwe, nja—njalonjalo. Futhi uyilokho-ke uNkulunkulu, yonke into.

12 Khona-ke abantu bathi, "Ukuhumusha. . . " Bengikhuluma lapha esikhathini esingeside esedlule emhlanganweni, indoda yathi kimi, yathi, "Mfowethu Branham, unokuhumusha okuliphutha. Awukuhumushi kahle Lokho."

13 Manje, sizwa. . .Baya kwiMethodisti, futhi bathi "IBaptisti ayihumushi kahle." IBaptisti ithi, "AmaPentecostal awahumushi kahle." IPentecostal ithi "A—abakaMunye abahumushi kahle." AbakaMunye bathi, "AmaAssemblies awahumushi kahle." Futhi yilelo nalelo lithi elinye alihumushi kahle.

14 UNkulunkulu unguMhumushi waKhe Yena! Akadingi-muntu ukuba aMhumushele. Wenza ukuhumusha kwaKhe Yena. Ubani umuntu ongahumusha uNkulunkulu na? UNkulunkulu unguMhumushi waKhe Yena.

15 Manje, uPetru ekhuluma lapha, sithola ukuthi ekuqaleni ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Makube-khona ukukhanya," kwaba-khona ukukhanya, lokho ngukukuhumusha. Ngenkathi uNkulunkulu esho noma yini futhi kubonakaliswe, khona-ke lokho ngukuhumusha kukaNkulunkulu ukuthi iZwi laKhe liqinisile. Niyabo? Ngenkathi Ethi, "Makube-khona ukukhanya," lokho kwakusekucabangeni kwaKhe kuqala ingakabikho ngisho into ethiwa ukukhanya. Ngenkathi Ethi, "Makube-khona ukukhanya," ukukhanya kwathi vumbu ezulwini, yilokho ukuhumusha. Akukho-muntu ozohumusha

lokho, ngokuba uNkulunkulu washo njalo futhi kwabakhona. Nxa uNkulunkulu ekhuluma futhi kubonakaliswe, lokho ngukuhunyushwa kweZwi laKhe. Akakuboni ngani umuntu lokho na? Abakuboni ngani abantu lokho na?

16 Nxa uNkulunkulu enza isethembiso noNkulunkulu uthi...E—ekuqaleni, kuGenesisi, Walaba iZwi laKhe kulowo nalowonyaka lapho Lehla lisuka ekuqaleni kuya ekupheleni. Futhi, kwehle njalo kuleminyaka, ibandla lezwe linazo zonke lezizinto zonke zixovwe amasiko, njalonjalo, noNkulunkulu njalo uthumela enkundleni, kwehle njalo ngeTestamente eliDala neliSha, abaprofethi! NeZwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi Likwenza kanjani na? Libonakalisa iZwi likaNkulunkulu. Ukuzibonakalisa kukaNkulunkulu, okushoyo noma kuliqiniso noma kuliphutha. Akukho-muntu ozoLihumusha, iZwi Liyazihumusha. UNkulunkulu wakwethembisa futhi nakho kuyenzeka!

17 Kusizani ukusho noma yini enye ngaLo na? Ngubani umuntu oyisoni ongazama ukusho (ngenkathi uNkulunkulu enza isethembiso futhi uNkulunkulu uyasenza) ukuthi lokho kuhumusha kuliphutha na? Lowo nguNkulunkulu qobo lwaKhe enza ukuhumusha kwaKhe Yena, ehumusha. Akadingi-muntu ukuba aMhumushe, UyaZihumusha ngokubonakalisa lokho Athembisa ukuthi Uyokwenza.

18 O, ukuba ibandla kuphela belingakubona lokho futhi libone izethembiso esabelwe unyaka ngamunye! Yonke eminye iminyaka, uNkulunkulu uthumele enkundleni (ngisho naphansi kwedlule eminyakeni yebandla eyisikhombisa) futhi ubonakalise yonke into Athembisa ukuyenza. Yonke into, ayikho neyodwa into eshiywe ingenziwe. Ncamashi! Athi Uzokwenza, lokho Wakwenza.

19 Ngoba ngenkathi uNkulunkulu ethi, phakathi emuva lapho kuIsaya, Wathi, "Intombi iyakukhulelwa," futhi yakwenza. Manje, ubani—ubani ongahumusha lokho na? UNkulunkulu usekwenzile ukuhumusha. Wathi, "Intombi iyakukhulelwa," futhi yakhulelwa. Manje, uyini wena...ungeke...Akukho okungashiwo ngalokho, ngoba uNkulunkulu wathi iyokwenza futhi yakwenza. Kodwa ibandla laliphuphutheke kakhulu ngaleyonkathi ukukubona. Niyabo, babenombono okungowabo wakho. Kwakukakhulu—kwehluke kakhulu kunalokho ababekubhekile.

20 UPetru lapha wayethathisela emuva, wathi, "UNkulunkulu wabonakalisa uKristu ngeZwi laKhe, Wathi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo.'" Lamakholwa ayemi lapho. NoKristu wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu. Wayehlala njalo embonakalisa uKristu ngeZwi laKhe, ngoba uKristu uyiZwi. Uhlala ebonakalisa njalo.

21 Ngenkathi Ethi . . . Ngemihla kaNowa, uKristu wayekuNowa. Niyakukholwa lokho na? UNowa wathi, "Lizokuna. Kuzoba-khona imvula, umhlaba uzobhujiswa." Lana. Lokho kwakungadingi-kuhunyushwa. Lana ngoba uNkulunkulu, kuNowa, wathi, "Lizokuna." Wayengumprofethi, nobufakazi babungukuthi lokho akushoyo kufezeke. Ngakho abadingi ukuhumusha lokho.

22 Abanye babo bangahle, macala onke, bathi, "Lomuntu akazi ukuthi ukhuluma ngani."

23 Kodwa uNkulunkulu wayelokhu ethembise njalo, "Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke kuzweni." Kunjalo, ngoba kuliqiniso. Kufanele kuhambisane neZwi. NoNowa wayehambisana neZwi. Ngenkathi eprofetha ukuthi lizokuna, futhi lana. Lokho kwakungadingi-kuhunyushwa kwalokho, ngoba lenza lokho nje.

24 UIsaya wathi, "Intombi iyakukhulelwa," futhi yakwenza. Manje, lokho kwakungokungejwayelekile kabi kabi. Ngokuba, niyabo, kwakuyiminyaka engamakhulu amaningi kamuva ngaphambi kokuba lentombi ikhulelwe.

25 Kwakungejwayelekile impela ngangokuthi umuntu olungileyo ogama linguJosefa, indoda yakhe, "engumuntu olungileyo engathandi ukumthela ihlazo . . ." Lowomuntu olungileyo ngaleyomihla, ukuthi kufanele ukuthi kwakunjani kuJosefa ngenkathi ethembisile, esemiselwe uMariya.

26 Wayemiselwe. Ngalowomuhla, ukwephula lokho, kwakufana nje nokuphinga. Futhi, kusobala, kuJosefa, kwabonakala sengathi uMariya wayezama ukwesulela ngaye, noma amenze ihawu lobubi bakhe, ngoba lapha wafunyanwa engumama, engashadile, kuphela ethembisile. Icebo lokuphamba elinjalo, wawungakhandwa ngamatshe uze ufe; kwakufanele, ngomthetho.

27 NoJosefa, indoda yakhe, wayengumuntu olungileyo, umuntu olunge kabi. Wayemkholwa uNkulunkulu. Futhi lapho embuka ngalawo amahle, amehlo amakhulu athambile, wayesethi, "Josefa, uGabriyeli iNgelosi enkulu ingihambela ingitshele ukuthi ngizokhulelwa, ngingazi indoda."

28 Manje, ukuba uJosefa wayevele nje wabheka emuva emBhalweni, umprofethi wathi iyokwenza lokho! KwakunguNkulunkulu kuphela ehumusha iZwi laKhe Yena! Niyabo? Kodwa kwakungejwayelekile neze.

29 Yileyo indaba kunoma yimuphi unyaka. IZwi likaNkulunkulu liyindida kubantu; Alejwayelekile neze. UNkulunkulu njalo wenza okungejwayelekile. Akwejwaleki nomaphi lapho uNkulunkulu ekhona. Kuphambene nesayense yokuhlela yezwe, ngenxa yokuthi banezinto ngendlela

abacabanga ukuthi kufanele kube ngayo. Kodwa uNkulunkulu uyangena bese enza okungejwayelekile.

30 "Yayingakhulelwa kanjani lentombi na?" Wayethembekile, wafuna uNkulunkulu ngakho.

31 Wase ekhuluma-ke uNkulunkulu kuye ngephupho, wayesethi, "Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelweyo kungoMoya oNgcwele. UNkulunkulu umsibekele. Yilokho okukwenzile."

32 Nike naqaphela ukuthi uNkulunkulu waphathelana kanjani noJosefa lapho na? Ngendlela engeyesibili, ngendlela yephupho. Manje, siyazi kukhona amaphupho, siyakholelwa emaphusheni. Ngiyakholelwa emaphusheni. Beku . . . UNkulunkulu ubehlala njalo ephathelana nabantu ngamaphupho. Kodwa amaphupho lingokwesibili, niyabo, lingaba ngeliqinisile noma libe yiphutha ngaphandle uma lihunyushwa. Kodwa akadinganga kuhunyushwa. KwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe ekhuluma ngqo noJosefa, ngoba wayengekho umprofethi ezweni ngaleyomihla ukuhumusha. Kwakukade kungekho-mprofethi iminyaka engamakhulu amane. Ngakho okulandelayo okungcono kunakho konke, uNkulunkulu anakelela inhlalakahle—ukuphumelela kwendodana yaKhe uQobo, kwakungukukhuluma kuJosefa ngephupho futhi ngaphandle kokuhunyushwa. Wathi, "Owesifazane uqinisile. LeyoNto eNgcwele ayikhulelweyo yiNdodana kaNkulunkulu." Akudinganga-kuhunyushwa.

33 UNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe Yena ehumusha kwezethembekile, izinhliziyo eziqotho, abesilisa nabesifazane obuka i—into eyimfihlakalo, uma wethembekile futhi uqotho futhi uzokholwa, uNkulunkulu unendlela yokukuhumushela khona. Kuqala, thola ukuthi kuyisethembiso yini. Uma uJosefa wayevele nje wabuyela emuva futhi wasuka emasikweni futhi wabuyela eBhayibhelini, futhi athole, uIsaya wathi wayezokwenza lokho.

34 Nezinto okwakhulunywa ngazo, nokuzalwa kwaKhe, nakho konke mayelana nakho kwakhulunywa yimiBhalo, "ngabaprofethi abangcwele," njengoba kwasho uPetru. Futhi akukho-muntu onelungelo lokuba afake noma yikuphi ukuhumusha kwangasese kulokho. Kuyikho ncamashi uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Wayengukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu lethenjiselwe lowomuhla. UNkulunkulu wakusho, ngakho kwakulapho. Lokho kwakuxazulula.

35 UJesu wathi . . . Ngenkathi Esemhlabeni, ngenkathi bengayiqondi inkonzo yaKhe, yayinkulu kakhulu, kwisenzeko, (abazange), ingavamile, njalo. AbaMqondanga. Wathi, "Hlolani imiBhalo!" (ngiyethemba anginivali izindlebe lapho, ngiqhumisa kulokho.) "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuyo

ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyo efakaza ngaMi." Niyabo? "YiYo enitshela ukuthi NginguBani."

36 Niyabo, uNkulunkulu wabela iZwi. Lolosuku lwaluzoba ngukubonakaliswa kukaNkulunkulu, uNkulunkulu (uEmanuweli) unathi, "IGama laKhe liyakuthiwa oMangalisayo, uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade. NeGama laKhe liyakuthiwa u*Emanuweli*, 'uNkulunkulu unathi.'" UNkulunkulu wayekuDavide. UNkulunkulu wayekuMose. UNkulunkulu! Lowo nguNkulunkulu kuhambe njalo, eZibonakalisela lowonyaka. Kodwa lonyaka, "Intombi iyakukhulelwa futhi iyozala iNdodana, futhi Iyoba nguNkulunkulu unathi."

37 BaMbethelela lokho-ke, Ezenza uNkulunkulu, nangokwephula iSabatha futhi. Waye—WayenguNkulunkulu ngaphezu kweSabatha, futhi WayenguNkulunkulu. Futhi Wayengesuye nje umuntu ojwayelekile noma umprofethi ojwayelekile (nokho WayenguMuntu ojwayelekile noMprofethi), kodwa WayenguMprofethi-Nkulunkulu. Futhi Wayengukugcwalisa kweZwi, khona impela uNkulunkulu Athi uyokwenza. Wathi, "Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na? Hlolani imiBhalo! Kuyo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyo efakaza ngaMi." Kodwa amasiko abo, babephila ekubenyezeleni komunye unyaka.

38 Njengoba bengishumayela emavikini ambalwa edlule, "*Ukuphila ekubenyezeleni*." Uku *benyezela* "utalagu," ilanga lizibonisa lona, futhi ngamanga. Futhi noma yikuphi ukubenyezela komunye unyaka kungukudonsa ukukhanya kwamanga. Abantu njalo bahamba entweni eyenzeka eminyakeni eyedlula. ILuthela bahamba ekubenyezeleni kwamaLuthela. Imisebe yelanga kaLuther kwakukuhle ngosuku lwakhe; uWesley wayelungile osukwini lwakhe; iPentecostal yayilungile osukwini lwayo. Siyaqhubeka sikhuphuka ngelada, siphila komunye unyaka! Siyaqhubeka, siqhubeke, ngeke sisalokhu sibuka emuva.

39 Uma sesizihlele phansi izinto, sicabanga ukuthi sesenze konke, sithola amasiko ethu esongiwe; futhi lokho kwakukuhle konke ngalolosuku, kodwa siqhubekela phambili! Hlolani imiBhalo futhi nibone ukuthi lwethenjisweni lolusuku, khona-ke sizokwazi ukuthi sikuphi, khona-ke singasho ukuthi simi kuphi.

40 ULuther; wawungabheka emBhalweni futhi ubuke kulowo—kulowonyaka wase Sardesi, ungabona ngempela ukuthi kwakwethenjisweni. Buka ukuthi nhloboni yomgibeli owaphumayo, buka ukuthi yini eyahamba yahlangabezana naye, impela, "ubuqili bomuntu," inguquko. Bhekisisa uWesley, njalonjalo. Lapho kwehla njalo kuyongena onyakeni wePentecostal, futhi kwehle ngalowonyaka, bhekisisa ukuthi

kuhambe kanjani. Buka imiBhalo futhi ubone ukuthi sikuphi. Yingalesosizathu uJesu athi, "Hlolani imiBhalo!"

41 Niyabona ukuthi sikuphi! Ngikholwa ukuthi sisekuFikeni kweNdodana kaNkulunkulu njengamanje. Ngikholwa ukuthi sisonyakeni walo—walo impela ihora Angahle abonakale ngalo noma yinini. Ngikholwa ukuthi imiBhalo iyakumemezela lokho, ukuthi sisemahoreni okugcina omlando walelizwe. Ngiyazibona izinto zibumbeka. Ngibona loMkhandlu wenkolo yobuKristu uholela onke amabandla kuwo, eyongena oPhawini lweSilo. Futhi ngibona uMbuso wamaRoma nokuthi wenzani, nayoyonke eminye yayo. Ngiyibona iqoqana ndawonye, ivimbela ukuKhanya, ivala iVangeli. Wonke umuntu uzodingeka abe ngowawo futhi ahambe ekukhanyeni kwayo kungenjalo ungeke uhambe nhlobo. Niyabo, sisesikhathini sokuphela. Akusekho okusasisalele kodwa ukubambelela kuNkulunkulu futhi sikholwe iZwi laKhe. IZwi lihlala njalo liqinisile.

42 Onyakeni webandla lase Lawodikeya, lowo kwakuyiwonanyaka webandla kuphela, yonke yayo, lapho uKristu abekwa khona ngaphandle kwebandla. Wayengaphandle, engqongqotha. Kwenzenjani na? LoMkhandlu wenkolo yobuKristu yiwo ozoMkhipha. IBhayibheli lathi Wayezoba ngaphandle, futhi Ungaphandle. Uvimbela ini na? IZwi. Futhi UyiZwi, Ubehlala njalo eyiZwi, futhi Useyilo iZwi kulobubusuku! UYiZwi.

43 IBhayibheli lathi, "IZwi libukhali, linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi-zombili," amaHeberu, isahluko 4, "lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." IZwi lalinjalo! Babefane bazi ukuthi WayenguBani ngenkathi uJesu esho lokho ngalolosuku.

44 Bhekisisa ukuthi Wenzani. Ngeliny'ilanga Wayemi lapho, ukuqala kokuqala kwenkonzo yaKhe. Kwakukhona umuntu owafika kuYe, ogama linguSimoni, uSimoni Petru. Futhi ngenkathi uPetru eMbuka futhi—futhi waMbona, uJesu wathi kuye, "Igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJona." (Wayefanele azi ukuthi uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela umProfethi onjengami, futhi Yena nifanele nimuzwe.") Futhi nangu umuntu owayengakaze ambone empilweni yakhe, wathi, "Igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJona." Ngani, wazi khona ngalesosikhathi ukuthi lokho akusengaphezu...Babekade bengenamprofethi amakhulu eminyaka, futhi nangu umuntu owayemtshela ukuthi wayengubani. Akumangalisi akwazi ukukwamukela!

45 UFiliphu, ngalesosikhathi, wahamba futhi—futhi wafumana uNathanayeli phansi komuthi, wambuyisela kuJesu. UJesu wathi, "Bheka umIsrayeli uqobo okungekho-nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Wake wangazi nini na?"

46 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

47 Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu! UyiNkosi kaIsrayeli." Wazi ukuthi kwakunguye! Ini na? Akudinganga-kuhunyushwa, uJehova washo lokho!

48 Nakho kumi labo lapho abangakukholwanga. Bathi, "LoMuntu unguBelzabube. Une—Unohlobo oluthize lwecebo lokuphamba Adonsa ngalo. U—Ungumbhuli, noma okunye."

49 UJesu wababuka, wayesethi, "Ngani, nikhuluma lokho ngokumelana neNdodana yomuntu, niyothethelelwa. Kepha nxa uMoya oNgcwele esefikela ukuzokwenza into efanayo, nikhulume ngokumelana naLokho, anisoze nathethelelwa, kulelizwe noma izwe elizayo." Wayeprofetha ngosuku lwethu, usuku esifanele silubone. Ngokuba Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Khumbulani, kwakunguJesu Kristu owayekuMose.

50 KwakunguJesu Kristu owayekuDavide. Ngenkathi uDavide, indodana ka . . . UDavide wakhuphukela entabeni, inkosi elahliweyo, walikhalela iJerusalema, lokho kwakungelutho ngaphandle kokuthi kwakunguKristu kuye. Ngokuba cishe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, iNdodana kaDavide yahlala phezu kweNtaba yemiNqumo futhi yabuka phansi phezu kweJerusalema futhi yakhala, wase ithi, "Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda ukukufukamela njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumanga!"

51 Ngenkathi uJosefa esetilongweni, lowo kwakunguJesu. Ngenkathi ethengiswa ngezinhlamvu ezicishe impela zibe ngamashumi amathathu zesiliva, lowo kwakunguJesu. Ngenkathi enziwa indoda kaPotifaro, lowo kwakunguJesu. Ngenkathi ehlala ngakwesokunene sikaFaro. Futhi ngenkathi esuka, wonk'umuntu . . . icilongo lakhala, futhi wonk'umuntu wayefanele aguqe ngedolo, lowo kwakunguJesu. Akukho-muntu owayengeza kuFaro kuphela ngo—ngoJosefa; akukho-muntu ongeza ngoNkulunkulu kuphela ngoJesu. KwakunguJesu, iZwi elaprofethwayo ligcwaliseka, lakhulunywa ezithunzini nemifanekiso.

52 Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wenza into efanayo neyenziwa abaprofethi, yingakho bazi ukuthi Wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu kweZwi laKhe. Akudinganga ukuba kuhunyushwe.

53 Ngenkathi uNathanayeli ekubona lokhu, wawa phansi, wathi, "UyiNkosi kaISrayeli, iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi kaIsrayeli. SiyaKwazi, akekho umuntu obengenza lokhu."

54 UNikodemu weza ebusuku, wabasholo into efanayo abaFarisi. Kodwa, niyabo, babehhukeke kakhulu eMkhandlwini wabo wenkolo yobuKristu ukuthi bangakwazi ukuKwamukela. Wakuzwakalisa abakushoyo, wathi, "Rabi, si . . ." Ubani u "si"? Umkhandlu wabo! "Siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela

kuNkulunkulu, ngoba akukho-muntu obengenza lezizinto ngaphandle uma uNkulunkulu enaYe." BaKuqonda, bazi ukuthi Kwakukhona, kodwa babehhukeke kakhulu kukho.

55 Futhi uNkulunkulu, eminyakeni engamashumi amane edlule, unyakazise lesisizwe ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi owesilisa nabesifazane basalokhu bengaphandle kwaKho ngoba bahhukeke entweni efanayo, bephila ekubenyezeleni kolunye usuku. Yin'indaba na? Wonke umuntu ufuna ukuba yiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, noma okunye. Niyabo, kungukubenyezela.

56 Babephila ekubenyezeleni kosuku lukaMose. Wathini na? Wathi . . . Bathi, "Singabafundi bakaMose."

57 Wathi, "Uma benimazi uMose, beniyoNgazi. UMose waloba ngaMi!"

58 Uma benimazi uLuther, benizowazi lonyaka! Uma beniyazi iMethodisti, benizowazi lonyaka! Ngokuba uKristu waloba ngalonyaka! AmaZwi eligcwaliswayo lizofanele ligcwaliswe kulonyaka. Alidingi-muntu othize ukuba aLihumushe, uNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe Yena. UNkulunkulu Uyazihumusha, ngoba nguYe kuphela OngaLihumusha. Izethembiso zikaNkulunkulu njalo siqinisekisa lokho Akusho, futhi lokho ngukuhumusha.

59 Manje, uJesu, (ukonga isikhathi), uJesu wathi, kuJohane oNgc., isahluko 14, ivesi 12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngabe Wakusho na? Kunjalo. Lokho akudingi kuhumusha. Nxa othize enza lowomsebenzi, lowo nguNkulunkulu. Impela!

60 Washo futhi phakathi lapho, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UJesu wakusho lokho. Ngabe Wakusho na? Impela, Wakusho! Lokho akudingi kuhumusha.

Bathi, "Awu, lokho kwakuchaza . . . "

61 Kwakuchaza khona impela Akushoyo! "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kuthiwani ngemihla kaLoti na? Ake sibuyele emuva umzuzwana nje, sithole ukuthi babenzani.

62 Kwakukhona izigaba ezintathu zabantu emihleni kaLoti: ikholwa, umzenzisi, nongakholwayo. Lokho kukuso sonke isixuku, into efanayo.

Sithola ukuthi abaseSodoma kwakungongakholwayo.

ULoti wayengumzenzisi.

63 UAbrahama wayelikholwa. Kwaba nguye isivumelwano esaqiniswa kuye. Kwaba nguye owayefuna indodana ethenjisiweyo. Kwaba nguye owayekubhekile. Ameni. (Angizi "ameneli" mina. *Ameni* kuchaza ukuthi "Makube-njalo!")

Futhi kunjalo. UAbrahama wayengekho eSodoma. UAbrahama wayephezulu futhi engaphandle kweSodoma. Ungumfanekiso weBandla likamoya namhlanje.

64 ULoti ungumfanekiso webandla lehlelo phansi eSodoma namanje. Qaphela, iBhayibheli lasho ukuthi, “Izono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo imihla ngemihla.” Wayengenaso ngani isibindi esenele sokuma amelane nakho na? Kuneningi lesilisa esilungileyo esihlezi ebandleni namhlanje, sibuka ngaphandle sibona abesifazane abagqoke izikhindi nesilisa senza lezizinto, futhi amalunga abo ehamba, adlale igalofu ngeSonto, namadili amapikiniki, futhi abhukude nezinto, esikhundleni sokuya enkonzweni. Ehlezi ekhaya ngolwesiThathu ebusuku, ebuka itelevishini, esikhundleni sokuya enkonzweni. Bayathanda ukusho okuthize mayelana nakho, kodwa ibhodi ingabakhipha. Yin’indaba na? NguLoti futhi, elunguza phandle ngefasitela lakhe futhi ebona isono, futhi esaba ukubiza isono nge “sono”!

65 UAbrahama wayengekho engxovangxoveni yabo, wayengaphandle kwayo. Wayengumfanekiso weBandla likamoya. Manje qaphela ukuthi kwenzekani nje esikhathini sokuphela, ngaphambi nje kokuba umlilo wehle. Futhi labo kwakungabeZizwe. Kwakubikezela umlilo wehlela ezweni labeZizwe namhlanje, lapho imibuso iyochitheka khona futhi iyoshiswa. “Amazulu ayokusha,” isho iNkosi, “futhi ayosha ngokushisa okuvuthayo.” Leso kwakuyisithunzi sawo.

66 Manje ake sibafanekise. Nangu uAbrahama usevele ungaphandle, akekho eSodoma, wayengaphandle kweSodoma. ULoti wayesalokhu eseSodoma.

67 Into eyisimanga, ngokunye ukusa okushisayo, lapha nje sekuthi akube ngeleshumi nanye nqo cishe kwakuyilo, wabona indoda amathathu eza, indoda ejwayelekile, ihamba yehla ngomgwaqo, indlela. UAbrahama wayehlezi phansi kom oki, eziphumulele. Wayekade ephumile, mhlawumbe nezinkomo ngalokho kusa, wangena, sekuthi akube phakathi nemini impela. Futhi wabona indoda amathathu iza. Futhi kwakukhona okuthize ngalawo indoda, lokho, kwashaya insimbi. O, he!

68 Kuhlala njalo kukhona okuthize ngoNkulunkulu, nxa Kuza phakathi kwabantu, Kushaya insimbi. BayaKwazi. Kukhona okubatshelayo, kukhona ukuqinisekisa lapho.

69 UAbrahama wagijima masinya, wayesethi, “Nkosi yami, ake ungene futhi ake ngithole ingcosana yamanzi, ngiwalande ugeze izinyawo zaKho, ngiKuphe ucezu lwesinkwa, bese-ke Uqhubeka ngendlela yaKho.” Ngakho waphendukela eceleni. Wagijima waya ezinkomeni wathola ithole walibulala, walinika inceku yalilungisa. Wangena etendeni, phansi ezansi kwakhe, noSara wamxovisa impuphu, wakwenza, noma wenza ukudla, wenza isinkwa, wenza namaqebelengwana eziko. Wawakhipha

wawaphaka. Esahlezi lapho, edla, baqala ukubhekisisa, leNdoda yayilokhu ibheke ezansi ngaseSodoma. Futhi Yathi . . .

70 Amabili awo, niyakhumbula, ehlela eSodoma. Amabili aya eSodoma. Sizani ningakugeji lokhu. Ngibhekise kulokho okwashiwo nguJesu. Amabili awo aya eSodoma ukuyokhipha uLoti nalokho okwase kulungele ukukhishwa ezansi lapho. Futhi lawo omabili ehlela lapho, ehla afike ashumayela. (Futhi kwabakhona eYodwa eyasala noAbrahama, qaphela isibonakaliso Esenzileyo.) Babanesibonakaliso ezansi lapho, kwakukhona . . . AbaseSodoma bashaywa ngobumpumputhe. Ukushumayela iVangeli njalo kuyaphuphuthekisa kongakholwayo. Futhi bhekisisa ukuthi kwenzeni.

71 Manje, kukhona eYodwa emi emuva lapha futhi yenze isibonakaliso kuAbrahama.

72 Manje, senake nabhekisisa, noma yimuphi usomlando, landela imiBhalo, landela umlando, asikaze sibekhona isikhathi eminyakeni yebandla lapho khona indoda yake yaya emabandleni ngegama nje phandle lapho ezweni, phandle lapho emahlelweni, akaze ibekhona indoda egama layo ligcina njengoAbrahama, h-a-m, ngaphambili. Kodwa namhlanje banayo eyodwa, uG-r-a-h-a-m. Kunjalo. Ehlela lapho, ebabizela ngaphandle. Wenza umsebenzi omangalisayo ngakho. UGraham, uBilly Graham, inceku kaNkulunkulu phandle lapho phakathi kwamahlelo, abezombusazwe, njalonjalo, ekuphihliza.

73 Ngelinye ilanga ngenkathi bemfuna ukuba angenele ukuba nguMongameli, wakwenqaba isiqothu. UNkulunkulu, ambusise ngakho. Ngani, lezozinkampani zikagologo, wayengasoze afinyelele esisekelweni sokuqala njengoba bekunganjalo. Zaziyochitha izigidi zezigidi zamadola, ngoba wayezozikhipha noma kanjani, lezozinkampani zikasikilidi nezinto ezinjalo. Niyabo, uphandle lapho njengesithunywa sikaNkulunkulu kwabaseSodoma. Kunjalo impela.

74 Kodwa khumbulani, kwakukhona eYodwa eyahlala phezulu lapho noAbrahama, enye iNdoda, hhayi lawo amabili ehlela lapho njengabavangeli besimanje abehlela lapho ukuyoshumayela. Bhekisisani, kwakukhona eYodwa eyahlala phezulu lapho. Amabili ehla nga*leyo*ndlela, neYodwa yahlala *lapha* noAbrahama. NeYodwa eyahlala noAbrahama imnika isibonakaliso.

75 Manje qaphela, igama lakhe lalikade lingu “Abrama” nomkakhe wayekade engu “Sarayi,” usuku nje noma ezimbili ngaphambi kwalokho. UNkulunkulu wayebonakale kuye futhi wamtshela, “Ngiguqula igama lakho manje lisuka kuAbrama liya kuAbrahama.” (Niyabo, G-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisithupha, umuntu.) Kodwa A-b-r-a-h-a-m yisikhombisa, izinhlamvu eziyisikhombisa; h-a-m, kuphela ngo h-a-m.

76 Manje, phezulu lapha eBandleni likamoya, kwakukhona eYodwa ephezulu lapho kuAbrahama, futhi bhekisisa ukuthi Yathini. Yathi, "Abrahama," (hhayi "Abrama") "Abrahama, uphi umkakho" (hhayi uS-a-r-a-y-i) "S-a-r-a na? Uphi umkakho uSara na?"

77 Qaphela ukuthi wathini, "Usetendeni emva kwaKho."

78 Futhi Yathi, "Ngiyokuhambela. Ngizokuhambela." Niyasibona lesosabizwana somuntu, oYedwa, ngokwesethembiso Eyayisenzile. Lowo kwakunguNkulunkulu! Yathi, "Ngizokuhambela."

79 NoSara, (ngendlela esingaqonda ngayo sonke) wahlekela ngaphakathi, kwakhe, wathi, "Mina, isalukazi, sengineminyaka elikhulu ubudala, inkosi yami" (eyayinguAbrahama) "igugile nayo, sebedlule empilweni yalokho njengabantu abasha." Wathi, "Ngani, besingeke sibuye sibe nezinjabulo ezinjalo, sengigugile naye usegugile." Futhi wathi, "Besingeke sisaba nalokho." Futhi wathi, "Kanjani na? Lezizinto bezingeke zenzeke!"

80 Futhi i—iNdoda (uNkulunkulu enyameni yomuntu) yathi, "Uhlekeleni uSara futhi wangabaza, esho lezizinto na?" Etendeni, emva kwaYo.

81 Manje qaphela, uma leyo kungesiyo inkonzo efanayo uJesu Kristu ayenayo! Wabuka phandle ezethamelini wase ewubona umcabango wazo. Watshela uPetru ukuthi wayengubani nokuthi igama likayise lalingubani. Watshela uNathanayeli.

82 Watshela owesifazane emthonjeni, ngenkathi ethi . . . Wathi, "Hamba uNgiphe amanzi," noma "Nginikeze amanzi."

83 Wathi, "Nkosi, akusilo isiko laKho ukuba ukhulume no . . . nina baJuda nikhulume namaSamariya. Asinabudlelwane omunye nomunye."

84 Wathi, "Kodwa uma ubuwazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela kiMi amanzi." Ingxoxo yaqhubeka. Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle, ngokuba usuke waba-nayisihlanu."

Wathi, "Nkosi!"

85 Buka umehluko phakathi kwalokho nalabo—nalabobapristi bangalolosuku, lowomkhandlu uphila ekubenyezeleni koluny'usuku. Bathi, "NguDeveli lo!" Babefanele ibandla labo baliphendule ngokuthile, ngoba lalidinga lokho.

86 Kodwa wenzani lona wesifazane-ndini omncane, leyoMbewu emiselwe ngaphambili ilele enhliziyweni yakhe . . . Wayesekhathele yileyonto, wayeseye emigwaqeni njengesifebe. Kodwa ngenkathi ekubona Lokho, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi unguMprofethi Wena. Kade singenaye iminyaka engamakhulu amane, futhi siyatshelwa ukuthi nxa uMesiya

efika ukuthi yilezozinto Ayozenza." O, he! LeyoMbewu ilele lapho yagxumela ekuphileni! Ngani na? Kwakungadingikuhumusha.

87 UJesu wathi, "NginguYe okhuluma nawe." Lokho akudinganga kuhumusha. Wayesenzile isibonakaliso futhi wafakaza ukuthi WayeyilowoMesiya, ameni, futhi wafakaza ngempela lokho uNkulunkulu ayekwethembisile ("INkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela uMprofethi onjengami," kwasho uMose). Kwakuyini na? Isiqinisekiso somBhalo!

88 Wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzileyo. Akusuye yini yena impela uKristu lona na? AkusuYe yini lona na? Ungitshele engikwenzileyo."

89 Manje bhekisisa, uJesu, lowo kwakunguYe phezulu lapho kulowoMuntu oWayefulathele itende futhi washo ukuthi uSara wayecabangani phakathi etendeni.

90 IZwi likaNkulunkulu liyasho, kumaHeberu, isahluko 4, ukuthi . . . Usho lokhu, "IZwi likaNkulunkulu linamandla kakhulu futhi libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lisika kuze kwahlukaniswe umnkantsha wethambo, futhi lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." YiZwi! Futhi njalo nxa umprofethi efika, ufika neZwi, futhi wayeyiZwi lalowonyaka. Futhi lenzani na? Oprofethayo owahlulela imicabango owawusenhliziyweni.

91 Likwenzile kuJesu Kristu ngoba Wayengukugcwala kweZwi.

92 NoJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UMoya kaNkulunkulu uyofika phezu komhlaba ngesimo sezidalwa ezingabantu, uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni (Ameni! Niyakubona na?), futhi benze into efanayo uNkulunkulu ayenzayo esenyameni yomuntu eSodoma. Khumbulani, babelinde indodana eyethenjiswa. Futhi, khona nje emva kwalokho, indodana eyethenjiswa yafika. Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina iSodoma neqembu likaAbrahama abasibonayo ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike. Nikubhekisisile lokho na? Futhi manje iBandla likamoya selifike kulelohora.

93 Omunye wathi, "Mfowethu Branham, uthe 'lowo kwakunguNkulunkulu na'?"

94 IBhayibheli lathi, KwakunguNkulunkulu! Akudingikuhumusha. UnguElohim. WaMbiza kanjalo uAbrahama. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyakwazi lokho. *Elohim*, "oNgowanele konke." WayeyisiQalo, isiGcino; ukuQala, ukuPhela. UElohim! UAbrahama waMbiza ngo "Elohim." UNkulunkulu (ngamagama amakhulu ngesiHeberu), Elohim; njengasekuqaleni nje, "uNkulunkulu," uElohim.

95 WayenguElohim ebonakaliswa enyameni, embethe izingubo zabantu, edla ukudla kwabantu. Ameni! Isibonakaliso ukuthi ngezinsuku zokugcina lowoNkulunkulu uyobonakala futhi phakathi kwabantu baKhe enyameni yomuntu! Ameni! UJesu wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyoyenza. Futhi njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ameni! Lokho akudingi-kuhumusha; kudinga ukubonakaliswa, yilokho okukudingayo. Ameni. Niyakukholwa lokho na?

Asikhothamise amakhanda ethu:

96 Baba wethu waseZulwini, sinika Wena isethembiso saKho kulobubusuku ukuthi Wazisho lezizinto. Wazethembisa. Akekho ongenza iZwi laKho liphile kodwa nguWe. Wathi, "Makube-khona ukukhanya," kwaba-khona ukukhanya. Akekho ozohumusha lokho, kwabonakaliswa.

97 Njengoba sicaphune uIsaya, umprofethi, "Intombi iyakukhulelwa," yakwenza; akudingi kubonakaliswa, wakwenza. Yilokho okwenzekayo.

98 Wathi, nxa Ifika Iyozalelwa eBetlehema, "EBetlehema, eJudiya. Kawusiye omncane nakanye kubabusi bonke bakwaJuda, bakwaIsrayeli na? Kodwa kuwe kuyakuvela uMbusi wabantu baMi."

99 Izinto Ayezozenza, ukuthi Wayezokhala esiphambanweni, ukuthi Wayezolahlwa kanjani, agwazwe izinyawo zaKhe nezandla zaKhe; "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; umvimbo wokuthula kwethu uphezu kwaKhe; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

100 Ukuthi uDavide washo kanjani ukuthi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, futhi aNgiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." Futhi ngosuku lwesithathu, ngaphambi kokuba amahora angamashumi ayisikhombisa-nambili angene ukubolisa umzimba waKhe, iZwi likaNkulunkulu lathi, "Uyovuka." (Bathi bawuntshontsha umzimba waKhe; basakukholwa.) Kodwa siyalikholwa, Nkosi, iZwi laKho! Labonakaliswa. UJesu Kristu wavuka Wayesethi, "Ngiyo . . . Bhekani, Mina nginani izinsuku zonke, kuze kube-sekupheleni kwezwe."

101 Siyakholwa ukuthi Ulapha kulobubusuku. Siyakholwa ukuthi Usenguye impela uJesu Kristu kulobubusuku, lapha, njengoba Wawulokhu unguye. Futhi kuphela Ufuna amehlo, izingalo, imilenze, umlomo, imiphefumulo, imizimba, ongayisebenzisa ukuzibonakalisa Wena. Nkulunkulu, singcwelise kulobubusuku, ukuze sibone uJesu Kristu ophilayo ephila phakathi kwethu. Akeze Yena! Khona-ke kuzofezeka, njengokulamba kwalawomaGreki eza ngalolosuku, futhi athi, "Nkosi, sithanda ukubona uJesu." Futhi baMbona. O, kufanele ukuthi baxhumaxhuma kakhulu lapho beMbuka!

102 Nkulunkulu, Usenguwe namhlanje. Futhi Wethembisa ukuthi uma silambile singaKubona. "Kuseyisikhashana, nezwe ngeke lisaNgibona" (ongakholwayo); "kepha nokho nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Siyazi ukuthi Unguwe izolo, namuhla, naphakade.

103 Nkosi, amaZwi selishiwo, lilotshiwe, manje makwenzeke, ngokweNkazimulo kaNkulunkulu, ukukhombisa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Ameni. UNkulunkulu anibusise.

104 Ngizobiza umugqa wokukhulekela. Ngikholwa ukuthi uBilly uthe ukhipha amakhadi okukhulekelwa, kusukela kwelokuqala kuye ekhulwini, noma into enjengaleyo. Akekho lapha njengamanje. Ngabe. . . Iyiphi inombolo yekhadi lokukhulekelwa. . . Omunye akabuke ingemuva lakho lelakho. . . Liba—liba nenombolo no—nohlamvu (A, B, C, D, noma. . .). Yiliphi, uA na? Kulungile.

105 Asithole uA, inombolo yokuqala, yesibili, yesithathu, yesine, yesihlanu. Qalani nje ukuba nime kanje. A, inombolo yokuqala, inombolo yesibili, inombolo yesithathu, inombolo yesine. Eyesine, angizange ngiyibone ima. Ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesine. Eyokuqala, yesibili, yesithathu. Umkhuleko. . . Mhlawumbe abakwazi ukusukuma. Uma bengakwazi, omunye akabuke ikhadi lomakhelwane wakho, angahle abenalo ikhadi futhi angakwazi ukusukuma. Ngokushesha manje. Nanto, elesine. Elesihlanu, ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yesihlanu. Eyesithupha, yesikhombisa, yesishiyagalombili, yesishiyagalolunye, yeshumi, yeshumi nanye, yeshumi nambili. Qalani nje ukwenyukela lapha manje njengokubizwa kwezinombolo zenu. Inombolo yokuqala, yesibili, yesithathu, phumani nje nize ngapha. Ikhadi lokukhulekelwa eliyinombolo yokuqala, yesibili, yesithathu, yesine, yesihlanu, yesithupha, yesikhombisa, yesishiyagalombili, yesishiyagalolunye, yeshumi, yeshumi nanye, thathani izindawo zenu nje. Yeshumi nanye, yeshumi nambili, yeshumi nantathu, yeshumi nane, yeshumi nanhlanu, yeshumi nesithupha, yeshumi nesikhombisa, yeshumi nesishiyagalombili, yeshumi nesishiyagalolunye, yamashumi amabili, yamashumi amabili-nanye, yamashumi amabili-nambili, yamashumi amabili-nantathu, yamashumi amabili-nane, yamashumi amabili-nanhlanu. Ukhona ongekwazi. . .

106 Ngibona insizwa esihlalweni esinamasondo emuva lapho. Uma inombolo yakho ibizwa, ndodana, futhi—futhi uma ungakwazi ukuthola. . . kulungile, bamba isandla sakho nje, sizobona ukuthi uyafinyelela lapha. Niyabo?

107 Bangaki kwabaphakathi lapha ongenalo ikhadi lokukhulekelwa kepha nokho ube ugula na? Asibone izandla zenu, noma yikuphi. Khona lapha, kulungile, phakamisa izandla

zakho. Niyakholwa na? Besaba qoqela ndawonye, niyakukholwa Lokhu, ukuthi Unguye izolo naphakade na? Bangaki na? Qaphela lababefundisi; awusho yini umBhalo namhlanje, bazalwane, ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe kunjalo na? Bangaki kokukholwayo lokho, phakamisa isandla sakho? UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

108 Ngakho uma iBhayibheli lithi, "Unguye izolo naphakade," bangaki kokukholwayo lokho na? Pho-ke Ubezokwenza kanjani namuhla na? Ubezokwenza njengoba Enzile iZolo. Ngabe kunjalo na? Ukuphi Yena kulobubusuku na? Uhlezi ngakwesokunene soMkhulu, umzimba waKhe; uMoya oNgcwele ulapha endlini, ukuba Azazise.

109 Bhekisisani, manje bukani. Kwenzekani ngenkathi omunye ethinta ingubo yaKhe emuva lapho, owesifazane ngeliny'ilanga na? Wayengenalo ikhadi lokukhulekelwa, besingasho njalo, kodwa wathinta ingubo yaKhe. Futhi ngenkathi ethinta ingubo yaKhe, uJesu waphenduka wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

110 UPetru waMsola, wayesethi, "Ngani, Nkosi, lokho akuzwakali nje kungokungathi kunomqondo. Ngani, wonk'umuntu uzama ukuKuthinta. Usho ngani ukuthi, 'Ubani oNgithintile na?'"

111 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibebuthakathaka." Bangaki kokwaziyo lokho na? *Amandla*, okuchaza "ukuqina," aphuma kuYe. "Ngibebuthakathaka, ukhona oNgithinte ngohlobo olwehlukile lokuthinta." Futhi Waphenduka wabheka ngakwizethameli waze Wathola ukuthi uphi lowomgudu wokukholwa.

112 Wonke umuntu wayeMgaxa, "O Rabi, siyaKukholwa," nakho konke lokhu.

113 Kodwa wayekhona owayeKukholwa ngempela. Futhi wathinta ingubo yaKhe futhi wakholwa ukuthi wayesephulukisiwe, ngoba wathi enhliziyweni yakhe uma engakwenza yilokho okuyokwenzeka.

114 Waphenduka wabheka izethameli waze Wamthola, Wayesethi . . . wamtshela ukuthi umopho wakhe wawusunqamukile futhi waphulukiswa. Ngabe kunjalo na? Manje, yileyondlela Enza ngayo, ezethamelini zabantu.

115 Manje, ngimemezela ukuthi Akafile, Uphila nje saka namhlanje njengoba Wayelokhu enjalo. NeBhayibheli lathi, uJesu wathi, qobo lwaKhe, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

116 Manje buka, akunandaba ukuthi hlobo luni lwesiphiwo uNkulunkulu analo phezulu lapha, kufanele kubekhona esinye phansi lapha, futhi, ukusiphendula. Wangena emzini,

iBhayibheli lathi, “Ziningi izinto Angakwazanga ukuzenza ngenxa yokungakholwa kwabo.” Ngabe kunjalo na? Into efanayo namhlanje. Ufanele uMkholwe. Ufanele nje uMkholwe. Yileyondlela kuphela ongakwazi ngayo.

117 Umugqa womkhuleko usulungile na? Manje, wonke umuntu athobe okwemizuzu elishumi nje. Angazi noma ngizofinyelela lapho, nginamashumi cishe amabili noma amashumi amathathu amiyo lapho. Kodwa manje, emgqeni womkhuleko, lowo nalowo wenu khona lapho emgqeni womkhuleko owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe, futhi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho. Yilowo nalowo emgqeni womkhuleko.

118 Manje khona ezethamelini, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Manje, manje, nakhu engizama ukukusho, mngane, niyabo. Manje, nakhu. Bonke lababefundisi phezulu lapha emsamo . . . NoKristu wenza lesisethembiso. Niyabo, besilotshiwe. Besizofezeka nini na? Ngezinsuku zokugcina, ngaphambi nje kokuFika kweNkosi. Ngabe kunjalo na? Sasizofezeka ngaleyonkathi.

119 Manje, lelo yiZwi eliprofethwe namhlanje. Hhayi ukukhanya kukaLuther; hhayi ukukhanya kukaWesley; futhi hhayi ngisho nokukhanya kwePentecostal. Sekuqhubekele phezulu emgwaqeni manje. Manje, uLuther ukahle; iMethodisti ikahle; iBaptisti ikahle; bonke, iPentecostal, inhle. Kukhona zonke izinhlobo ezihlezi lapha kulobubusuku. Aku—aku—akusibo abantu ngabanye. Uma-ke ku . . .

120 Ubungeyitshele lutho iMethodisti ngoLuther, ngoba ukholelwa ekungcwelisweni futhi uLuther akakholelwa. Niyabo?

121 Awuyitsheli neze iPentecostal ukuthi “ukungcweliswa yikho kodwa,” ikubonile ukubuyiselwa kweziphiwo. Ayizukukukholwa lokho. Qha, inokungaphezulu kwalokho. Niyabo? Futhi lowo ngunyaka wokugcina webandla esibe nawo, neBhayibheli lithi ayiseyikubakho eminye iminyaka yebandla.

122 Kodwa kuzobakhona ukubuthana kwabantu, niyabo, futhi nakhu sikhona. Manje, khumbulani, isibonakaliso sokugcina. Ngabe thina-bantu sifuna indodana ethenjisiwe na? Phakamisa isandla sakho. Niyakholwa ukuthi niyiNzalo kaAbrahama ngokuba kuKristu na? Phakamisa isandla sakho. Khona-ke, Nzalo kaAbrahama yemukela isibonakaliso sakho! Asikho phandle eBabiloni, asikho phandle lapho ezweni lamahlelo. Silapha phakathi kwenu, labo abangekho kuleyongxovangxova phandle lapho. Sikholweni!

123 Nangu owesifazane, uyisihambi uqobo kimi, lapho nje ebangeni elilinganayo lobudala. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ukuba bengingamphulukisa lowo wesifazane bengingakwenza, uma egula. Angazi lutho ngaye.

Nimbonile ephakamisa isandla sakhe emizuzwini embalwa edlule. A—angikaze ngimbone. Ungowesifazane nje omi lapho.

124 Namhlanje behlela lapha futhi baletha inqwatshana yamakhadi okukhulekelwa, bawaxubanisa onke base bewanika abantu. Omunye unenombolo yokuqala lapha, nenombolo yeshumi emuva lapho, inombolo yeshumi nanhlanu, inombolo yesikhombisa, inombolo . . . kanjalo nje. Onke axubene, khona phambi kwenu, nsuku zonke. Futhi uma ebizwa, abizwa nje macala onke evela ndawo zonke. Niyabo? Futhi, manje, awudingi ngisho nokuba nekhadi lokukhulekelwa, hlala lapho nje ukholwe. Yini kunga . . .

125 Zincinze, kulobubusuku, thola ihora esiphila kulo. Niyabo? Manje, selithi nje aliphele, futhi, mngane. Lithi nje aliphele!

126 Manje, uma uNkulunkulu kaAbrahama avusa uJesu Kristu kwababafileyo, nokuthi uJesu wethembisa ukuthi ngezinsuku zokugcina izibonakaliso ezifanayo uAbrahama . . . iNgelosi (okwabe kunguNkulunkulu enyameni yomuntu) yakwenza phambi kukaAbrahama, ngaphambi nje kokuba indodana ethenjisiweyo ifike, uJesu wathi into efanayo iyokwenzeka namhlanje.

127 Manje, sibona okuncinci namahlelo, nabo bonke labo, nengxovangxova abakuyo. Sibona uBilly Graham ezansi ngaleya, noOral Roberts, nabobonke labobantu phandle lapho; isithunywa samaPentecostal nesithunywa samahlelo ezansi lapho, sibona konke lokho kuqhubeka, bethwele isibonakaliso. UBilly Graham, usiyazi wezenkolo uqobo, kulokho amahlelo akholelwa kukho. UOral Roberts, umphulukisi uqobo, khona impela nje iPentekoste eliyikho.

128 Kodwa bukani lapha, kukhona okunye okwethenjisiwe eNzalweni kaAbrahama. Lapho basezansi phakathi phakathi kwalawomahlelo; kukhona okuthize *okungaphandle* kwamahlelo okufanele kwenzeke, ukubutha abantu. Sizokushiya kuze kube kusasa ebusuku.

129 Qaphela, angimazi lowo wesifazane. Ngizomfulathela. Uma iNkosi uNkulunkulu izosho okuthize kulowo wesifazane, mhlawumbe ku—kungokwasekhaya, mhlawumbe ezezimali, mhlawumbe ngukugula; angazi. Uzokwazi noma kuyiqiniso noma qha.

130 Uma Ezokwenza into efanayo kulobubusuku naYenza ngalesosikhathi, uzomkholwa uNkulunkulu uJesu Kristu athembisa ukuthi uyoba lapha ngezinsuku zokugcina na? Bangaki kokholwayo ukuthi siphila njengaseSodoma, lapho lonke izwe selingene esimweni saseSodoma na? Bangaki kini okholwayo ukuthi enginitshele khona kulobubusuku kuyiQiniso na? Khona-ke, bantwana neNzalo kaAbrahama, kholwani uNkulunkulu!

131 Manje, ngakho kuzokukhipha emqondweni wakho ukuthi ngizama ukusho okuthize kowesifazane, ngimbuka emehlweni, noma uthole zonke izinto ngokufunda umcabango noma ngabe yini ofuna ukuyazi. Noma ubani owazi ngokufunda umcabango ufanele azi kangcono kunalokho. Niyabo? Niyabo? Sewake wambona umfundi-micabango eshumayela iVangeli na? Sewake wambona onemimoya eshumayela iVangeli, enza izibonakaliso nezimangaliso, ememezela ukuthi uJesu Kristu usenguye na? Qhabo.

132 Niyabo, nje ku. . .ngumqondo wabantu. Niyabo, baphuphuthekile. Niyakholwa ukuthi bangaba yizimpumputhe na? IBhayibheli lathi bayoba yizo. Ngabe kunjalo na? "Abanamawala, abamqondo uphakeme, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, abazonda abalungileyo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika."

133 Akashongo yini uJesu, kuMathewu oNgc. 24:24, ukuthi "Imimoya emibili ngezinsuku zokugcina iyocishe idukise nabaKhethiweyo, uma kungenzeka"? Kodwa akunakwenzeka. Babesemicabangweni kaNkulnkulu ekuqaleni, futhi bayingxenye kaNkulunkulu.

134 Manje, Nkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe, makwaziwe kulobubusuku ukuthi ngikhuluma iQiniso ngaWe. NguWe, Nkosi. Ngokuzithoba vumela izinceku zaKho zikwazi ukudedisa imicabango yazo uqobo endleleni, ukuze Ukwazi ukusebenzisela imizimba yethu iNkazimulo yaKho. EGameni likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Ameni.

135 Yini isiphiwo na? Akusiyo into oyithatha uyigawule uyiphendule. Qhabo, qhabo. Kungukwazi ukuthi udeda kanjani qobo lwakho endleleni ukuze uNkulunkulu akwazi ukukusebenzisa. Isiphiwo kuphela sidedisa wena, bese-ke uNkulunkulu esisebenzisa.

136 Inenekazi emva kwami lizofa khona nje uma lingaphulukiswa. Inenekazi emva kwami lisanda kukhulekelwa ngomunye umlisa, maduze nje. Linomdlavuza. Umdlavuza usebeleni lalo nasemaphashini alo futhi. Futhi belisanda kukhulekelwa, futhi lizama ukukwemukela ngokukholwa ukuthi liphulukisiwe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI! Ngabe yiqiniso lelo, nenekazi na? [Inenekazi lithi, "Yebo, kuliqiniso impela."—Umhl.] Uma kuyilo, vayizisa—vayizisa isandla sakho kwizethameli. UNkulunkulu kaAbrahama usaphila! Kulungile, hamba ukholwe lokho okukholwayo futhi uzosinda. Ameni.

Uyakholwa na? Wena uthi, "Uthini ngezethameli na?"

137 Lo wesifazane ohlezi lapha neyakhe. . .ekupheleni komugqa, inenekazi lesibili khona lapho. Ngenkathi ngiphenduka khona lapho nje ngibone okuthize, into ezungeleze ingalo yalo, umfutho wegazi uphampa. Unesifo somfutho

wegazi. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho. Uma ukholwa, umfutho wakho wegazi uzokwehla. UNkulunkulu kaAbrahama uselokhu ekhona enkundleni. Uyilokho impela nje okwakuyikho, iZwi likaNkulunkulu lalolusuku!

138 Sawubona? Uyakhola manje na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu! Kubonakale sengathi umntwana nje. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho, ntombi, angiyazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukwembula kimi ukuthi yini engalungile na? UzoMkholwa uma ngizokwenza na? Akumayelana nawe, kungokomuny'umuntu, lowo ngumfowenu. Futhi ukabi impela futhi usedolobheni enyakatho lapha, eTulare. Futhi usesibhedlela, futhi uphethwe yilukhemiya, nodokotela sebemyekelele ukuba afe. Akusekho-mathemba nhlobo. Kunjalo. Uyakholwa na? [Inenekazi, likhala, liyaphendula, "Yebo."—Umhl.] Kulungile. Uphetheni esandleni sakho na? Thatha lokho ukubeke phezu kwakhe. Futhi ungakungabazi. Kholwa! Ameni.

139 Uyakholwa na? Angikaze ngilibone inenekazi empilweni yami. Kodwa uNkulunkulu uhlala enguNkulunkulu! Manje, ngitshele isidalwa esingumuntu singakwenza lokho na? Akukho ekwenziweni kwesidalwa esingumuntu ukuba sikwenze. NguNkulunkulu uJesu Kristu athembisa ukuthi uyoba lapha ngezinsuku zokugcina futhi Uyoziqinisekisa (ngaphambi nje kweNzalo kaAbrahama) njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.

140 Manje lapha, angilazi inenekazi, siyizihambi komunye nomunye, ngiqagele isikhathi sethu sokuqala ukubonana empilweni. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi leli yiZwi na? Futhi uyazi ukuthi uma . . . LeliZwi lisayehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Ngabe kunjalo na? IZwi linguMphulukisi, futhi, uma ungaLikholwa. Uyalikholwa na? Usibekelwe, futhi, yithunzi elimnyama. Ngumdlavuza. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi lowomdlavuza ukuphi na? Usemathunjini angezansi, usho njalo udokotela. Uyakholwa manje ukuthi uzophulukiswa na? Hamba, futhi ungangabazi nhlobo, noNkulunkulu uzokuphilisa. Ameni.

141 Niyakholwa, wonk'umuntu na? Khona impela Athembisa ukukwenza! Yiba nokukholwa nguNkulunkulu, ungangabazi.

142 Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Uma siyizihambi, izethameli mazikwazi lokho, sibamba izandla zethu. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami.

143 Niyakholwa laphaya na? Niyakholwa ukuthi nguJesu Kristu na? Yini na? YiZwi laKhe. Ngenkathi lababantu beLilahla, abalahli yena umuntu, balahla iZwi. YiZwi elalingaphandle, lingakwazi ukubuye lingene.

144 Manje, inenekazi liyisihambi kimi. Angikaze ngilibone empilweni yami. UNkulunkulu unguMphulukisi. Kungahle kungabi okokuphulukiswa, kungahle kube ngokwenye into, kodwa uma uNkulunkulu ezongichazela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Into yokuqala oyifunela umkhuleko, yilokhu, unendlebe embi. Enye yezindlebe zakho, awukwazi ukuzwa ngayo. Kunjalo. Yiqiniso lelo. Kanti-ke unenjwayelo, futhi ufuna ukuyiyeka leyonjwayelo, kungukubhema osikilidi. Beka umunwe wakho endlebeni ekahle manje, kulungile, indlebe yakho ekahle. Kulungile. Manje kholwa uNkulunkulu bese uhamba ngendlela yakho, futhi unga . . . futhi ungeke usaphinde ubheme osikilidi noma uma uzokholwa. Hamba, neNkosi ikubusise.

Niyabona ukuthi kwenzekeni. AkasuYe oqinisileyo na?

145 Angikwazi, siyizihambi komunye nomunye. Angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu engangitshela okuthize ngawe, uzokholwa na?

146 Zonke izethameli zizokholwa na? Noma ubani laphaya uyamazi owesifazane na? Noma ubani kwizethameli uyamazi owesifazane na? Kulungile, niyazi noma lokhu kuliqiniso noma qha. Lokhu kufanele kukuxazulule, lokhu kufanele kukhulume iqiniso.

147 Manje ungabona ukuthi kwenzekeni emizuzwini yokugcina embalwa nje, niyabo, kungukuthi nje ngiyadiyazela, niyabo, kungukuthi nje yonke into iyangiphuphuthekisa. Niyabo, Kuyahlukanisa. Niyabo, NguMoya oNgcwele, akusimina. KuyiZwi elethenjiselwe lolusuku! Akukaze kubekhona selokhu kwasukela ngezinsuku zabaphostoli, akukaze. Kodwa lapho okwathiwa khona, "Ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu. Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Abangakholwayo abaKukholwa, ababhekekile ukuba baKukholwe. Kodwa amakholwa ayaKukholwa!

148 Manje, uma uMoya oNgcwele uzokwembula lokhu, nibangaki enizokholwa ngenhliziyo yenu yonke, uzophakamisa isandla sakho na?

149 Unokulimazeka okuthize. Ubenengozi yemoto, igudluze amathanjana omgogodla entanyeni yakho. Unenso egudlukile futhi. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa na? Uzophila. Dumisa iNkosi.

150 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa ukuhlushwa yinso na? Ngakho hamba-ke futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

151 Woza, nenekazi. Bheka ngapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa ukuhlushwa yinhliziyo na? Kulungile,

qhubeka ngendlela yakho futhi ukholwe, nenhliziyo yakho izophila.

152 Woza lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphulukisa iqolo lakho, akuphilise na? Qhubeka futhi ukukholwe-ke.

Mkholwe nje uNkulunkulu, yilokho kuphela ofanele ukwenze!

153 Woza, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukisa ukuhlushwa yisisu na? Hamba, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

154 Woza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphulukisa isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba na? Hamba-ke, kholwa, futhi wenze . . . noNkulunkulu uzokuphilisa.

155 Kulungile, woza. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa na? Isifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Qhubeka, Kukholwe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

Bangaki okholwayo laphaya na? Niyakholwa na?

156 Lelinenekazi elihlezi lapha ligqoke ingubo ebomvu, liphakamisa isandla salo khona lapha, liphethwe yisifo somfutho wegazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Uyakholwa na? Kulungile. Beka izandla zakho phezu kwalelonenekazi eliseceleni kwakho ezansi lapho, bese ulitshela ukuthi iphimbo lalo lizophila. Ameni.

Nakho. Ameni. Uyakholwa na? Yiba nokukholwa!

157 Nansi indoda ihlezi lapha, inomongozima. Uyakholwa, mnumzane, ohlezi khona lapha na? Yebo, uphethwe ngumongozima. Uzokholwa ukuthi uzophulukiswa na?

158 Inenekazi eliseceleni kwakho linomongozima futhi, futhi lihlushwa yiqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho futhi ukwemukele. Kholwa.

159 Lelinenekazi eliseceleni kwakho lihlushwa yimilenze yalo nayinqulu yalo. Uyakholwa ukuthi Lokho kuqinisile, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Kuhle, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela."

160 Kulungile, inenekazi eliseceleni kwalo linesifo esithathelwanayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isifo esithathelwanayo, ntombi ofake izibuko na? Phakamisa isandla sakho, thana, "Ngiyakwemukela." Kulungile, Kukholwe.

161 Inenekazi eliseceleni kwayo lihlushwa yizinso. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa ukuhlushwa yizinso, nenekazi na? Kulungile, phakamisa isandla sakho, ukwemukele.

162 Intombazanyana eceleni kwalo inesifo sokuvuvuka komphimbo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphulukisa isifo sokuvuvuka komphimbo lapho na? Phakamisa isandla sakho, kwemukele.

163 Nibangaki okholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Sukumani-ke ngezinyawo zenu futhi nikwemukele. Phakamani eBukhoneni bukaNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe.

164 NgeGama leNkosi uJesu Kristu sengathi uMoya oNgcwele ungehlela endlini manje futhi uphulukise wonk'umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu!

*UNkulunkulu UnguMhumushi waKhe Yena* ZUL64-0205

(God Is His Own Interpreter)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeLwesithathu kusihlwa, ngo Febuwari 5, 1964, eKern County Fairgrounds, eBakersfield, eCalifornia, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 1996 ngabe:

ZULU

©1996 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

